

Umdwebo wokuqala ngqa walento kaLord Rosse ka-1844 ngendlela eyayibukeka ngayo kwizipopolo zakhe ezaziwu-90 cm ububanz. Lomdwebo uwo owadala ukuthi lento iqanjwe nge "Nkalankala" (Yize ibukeka sabhungezi thizeni).

Ngezansi: Isithombhe sokuqala somqongo iNkalankala sathwetshulwa ngu-Isaac Roberts, uzihelembhe kaGqayinyanga ophinde abe ngumakhi ongumweleshi ngo-1892 esebenzisa izipopolo eziwu-50cm ububanzi



Lesi isithombhe asibukeki neze njengomdwebo kaLord Rosse. Yize kunjalo, kuyabonakala ukufana kwaso naleso esezipopolo iHubble esikwisihlangabeza salencwajana.




# Indlela eyakhushululwa ngayo

Lento yakhushululwa nguzihelembhe kaGqayinyanga yamaNgisi, uJohn Bevis ngo-1731. Yaphinde futhi yakhushululwa nguCharles Messier wamaFulenshi, lapho ayebheka khona ubhaqanyezi lukaHalley olwalulindeleke ukuthi luvele futhi ngo 1758. Ngoba lento yayinganyakazi, kwakungeke kube ubhaqanyezi.

uMessier wayihla njengeyokuqala kwisiqogelelo sakhe semiqongo kanye nezishomo ukuze angayiphambhanisis nobhaqanyezi.

Ngabo-1800, uWilliam Herschel wayibona kaningi lento ngezipopolo zomkhathi ezinkulu, waphetha ngokuthi iwumbutho wezinkanyezi. Ekudluleni kwekhuluminyaka, inhlolokukhanya yayo yakhombhisa ukuthi kwakungesiwo umbuthelo wezinkanyezi, kepha kwakuwumqongo woqobo, wenziwe ngohowo olwaluhonyozekileyo.






Impilo yenkanyezi iwumdonsiswano phakathi kweziphoqi ezimbili:

- uMnyondo oyimfinyozayo
- kanye nesicindezi esidala ukulwiza.

Endeni yenkanyezi, izinhlayiyana zenuzi ziyahlangana zikhiqize ezinesisindo esikhulu. Lokhu kukhiqiza impekumpeku kanye nesificezeli sokulwiza. Lapho khona isivamela, indeni yenkanyezi iyamfinyozeka okudala ukuthi amazinga okushisa ayo akhuphuke ebese kuqhubeka ukuthathwa kwamanuzi.




Okokuqala ihwanzi lithothana nelinye ihwanzi likhiqize ihwelanga, kuthi lona lithothane nelinye ukuze kukhiqizeke umcalahle, kuthi umcalahle uthothane nehwelanga ukuze kukhiqizeke isihowe nakanjalo. Ezinkanyezini ezinkulu, lokhu kungenzeka kuze kufinyelele ekukhiqizekeni kwensimbhi. Uma lokhu kuqhubeka kuze kube indeni yonke isiyinsimbhi, ukuthothana akube kusenzeka nokudala ukumfinyozeka kwendeni.



# Isidanguzela

Ngo-1934, uBaade kanye noZwicky baphakamisa ukuthi loluhlobo lokuqhuma kungenzeka lapho inkanyezi ejwayelekile isiguquka iphenduka iba ileyo enobubanzi obuncane kanye nesiminyo esikhulu.


Into edala lenguquko yayingakaqondisiswa.

Ngo-1957, uBurbidge, uFowler & noHoyle bachaza kumhela onsika ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi ingaphakathi elishisa kakhulu lezinkanyezi ezinkulu, izinhlwa zilokhu ziguquka ziba ilezo ezinkulu kuze kube indeni igcine isiphenduke insimbhi. Lokhu kulandelwa ukumfinyozeka okushesha ngalendla yokuthi kudaleka ubuyiselotho olujikijela izihalalazi zenkanyezi emkhathini.




Lapho kwenzeka ukubhoqoka komnyondo okudala inkanyezi, isivinini sokumpimpiliza sikhula ngendlela emangalisayo ngoba inkanyezi isuke isihongqobele.

Lokhu kuyefana nalokho okwenzeka lapho umsheleli empimpiliza nezingalo zakhe zivulekile ebese eyazigoqa ezisa ngasesifubeni: umpimpiliza kakhulu kunasekuqaleni.



Izinkanyezi zinewonga elinamandl futhi zikhafula amayonzi ngezitshopoloti ezincane kumachopho azo. Law' amayonzi abonakala kuphela lapho lezi izitshopoloti zikhombha emhlabeni.




Lapho inkanyezi impimpiliza, isitshopoloti sishayela ubuso bomhlaba, amagamu amayonzi, agabeke ngokulinganayo esikhathini ayahlonzeka emhlabeni.




# Unyazima inkalankala

Ngeminyaka ye-1960, oGqayinyanga babona into eyeyngajwayelekile, isikhafulo esasinyazimayo emkhathini. Bakhombhisa ukuthi lezi izikhafulo zazisuka kwinto esemkhathini. Lolu uhlobo lwezikhafuli lwaqanjwa ngezinyazima. unyazima inkalankala lwalungunyazima lokuqala ngqa ukuthi lufukululwe.

HKowa emva kwesikhathi kwabe sekuqondisiswa ukuthi lezi izikhafulo kaziphumi neze kwinto enyazimayo, kodwa zaziqhamuka kwinkanyezi entunge eyayimpimpiliza ngendlela eyisimanga, ekhafula amayonzi kwizitshopoloti ezimbhili ezincane. Lezi izitshopoloti zazishanela emkhathini lapho inkanyezi impimpiliza, kuhle kwesihlomelo semikhumbhi.






Isithombe sensebomvu esitshwetshulwe izipopolo iSpitzer



isiphafulo esithwetshulwe iVLA

Zonke lezi izithombhe zikhombhisa umqongo inkalankala



isithombe sehlwithanzuba esithwetshulwe iFermi



inxamagu ethwetshulwe iChandra

## Umkhathilibe Ephaketheni Lami We-10

Lencwajana ibhalwe ngonyaka wezi-2018 ibhalwa nguGrażyna Stasińska WaseParis Observatory (France) yabe isibuyekezwa nguFabrice Mottez, uMikaela Oertel kanye noSilvano Bonazzola (bonke base Paris Observatory).

Isihlangabeza: umqongo inkalankala ithwetshulwe isihlongamkhathi iHubble. Umchachambhiso: NASA, ESA, J. Hester, and A. Loll (ASU).

Ezinye zezithombhe ezikulencwajana zithwetshulwe izihlongamkhathi iHST, iVLA, iSpitzer, i-ALMA, i-Chandra kanye neFermi.

Ukuze ufunde kabanzi mayelana nalesi isihloko esethulwe kulencwajana, vakashela u http://www.tuimp.org

Ihumushwe: Nhlanhla Mbambo

TUIMP Creative Commons
CC BY NC SA